



Explore the world through books

Have you noticed how naturally curious children are? Given the chance, they will ask question after question! Use books to help them discover answers to their questions and to explore different topics together – you'll find yourself asking questions too and you'll learn things together.

Celebrate Book Lovers Day, 9 August

Whatever books you choose to explore with your children, enjoy the journey of discovery together!

Bungaza USuku Lwabathandi Bezincwadi, ziyisi-9 kuNcwaba

Noma ngabe yiziphi izincwadi enikhetha ukubheka izihloko zazo nezingane zakho, thokozelani uhambo lokuthola okusha ndawonye!

Funa ukwazi ngomhlaba wethu ngokusebenzisa izincwadi

Ngabe usuke waqaphela ukuthi izingane zihlale zifuna ukwazi ukuthi kuzokwenzekani okuzenzekela ngokwemvelo? Uma zinikezwa ithuba zibuza umbuzo emva komunye! Sebenzisa izincwadi ezizozisiza ukuthi zizitholele izimpendulo zemibuzo yazo nokuthi nibheke izihloko ezahlukene nindawonye – uzozithola sewubuza imibuzo nawe, futhi nizofunda izinto ndawonye.

Different kinds of books explore topics in different ways.

Here are a few examples.

- ★ **Realistic stories** focus on real-life problems that the characters have to solve, like how to stop someone from being bullied or how to escape a fire.
- ★ **Biographies** tell the stories of real people, like pop stars or famous scientists. These books are written by authors who have spent time finding out about someone else's life.
- ★ **Traditional stories** tell tales with a message or moral, like how we should treat the earth and one another.
- ★ **Information books** contain information and facts, for example, about the beliefs, rituals and practices of different religious groups, or how stars and planets are formed.

Izinhlobo ezahlukene zezincwadi zibhekana nezihloko ngezindlela ezahlukene.

Nazi izibonelo ezimbalwa.

- ★ **Izindaba ezingamaqiniso** zigxila ezinkingeni ezenzeka ngempela empilweni abalingiswa okumele bazisombulule, ezifana nokuthi kungaqedwa kanjani ukwenziswa komuntu ngenkani into angayithandi noma ukuphuma emlilweni.
- ★ **Amabhayografi** axoxa izindaba zabantu bangempela abafana nabaculi be-pop noma ososayensi abadumile. Lezi zincwadi zibhalwa ngababhali abachitha isikhathi bethola kabanzi ngempilo yomunye umuntu.
- ★ **Izindaba zomdabu** zixoxa izindaba ezinomlayezo noma isifundo, njengokuthi singawuphatha kanjani umhlaba nokuphathana sisodwa.
- ★ **Izincwadi ezinika ulwazi** ziqukethe ulwazi nokungamaqiniso, isibonelo, ngokuphathelene nezinkolelo, ukwenziwa nokugcinwa kwamasiko athile amaqembu ahlukene ezenkolo noma ukuthi zakhiwe kanjani izinkanyezi namaplanethi.

When you read storybooks, you usually start at the beginning and read through to the end so that you get the whole story!

Information books work differently. Here are some ideas on how to share them with children.

- ★ **On the cover.** Read the title and draw children's attention to the pictures on the cover. Can they use these to predict what the book is about? Find the author's name together – this helps to remind children that all books are written by real people!
- ★ **What's inside?** Look at the contents page at the beginning of the book to help you choose sections that grab your children's interest.
- ★ **Start, stop and skip.** Start by reading the part of the book that most interests your children. If you've found the information they were looking for, or if they ask new questions, or if something else in the book interests them more, stop reading and skip to another part.
- ★ **Different types of information.** Spend time looking at and discussing pictures, photographs, maps and diagrams together – they offer as much food for thought as the words on the page.

Uma ufunda izincwadi zezindaba uvamise ukuqala ekuqaleni bese ufunda uze uyofika ekugcineni ukuze uthole indaba yonke!

Izincwadi ezinika ulwazi zisebenza ngendlela ehlukile. Nanka amanye amacebo okuthi ungabelana kanjani ngazo nezingane.

- ★ **Ekhaveni.** Funda isihloko bese wenza ukuthi izingane zinake izithombe ezisekhaveni. Ngabe bangakwazi ukusebenzisa lokhu ukuqaleni ukuthi incwadi imayelana nani? Tholani kanyekanye igama lombhali – lokhu kusiza ukukhumbuzisa izingane ukuthi zonke izincwadi zibhalwa abantu bangempela!
- ★ **Kukhonani ngaphakathi?** Bheka ikhasi lokuqokethwe ekuqaleni kwencwadi ukuze kukusize ukuthi ukhethe izigaba ezihlaba umxhwele ezinganeni zakho.
- ★ **Qala, yeka bese uyeqa.** Qala ngokufunda ingxenye yencwadi ehlabu umxhwele kakhulu ezinganeni zakho. Uma usuthole ulwazi ebeziludinga noma uma zibuza eminye imibuzo emisha noma okunye okusencwadini okuzihlaba umxhwele kakhulu, yeka ukufunda bese weqela kwenye ingxenye.
- ★ **Izinhlobo ezahlukene zeminingwane.** Chithani isikhathi nibheka futhi nixoxa ngemifanekiso, izithombe, amabalazwe nemidwebo nindawonye – kuninikeza okuningi eningacabanga ngakho, njengamagama asehasini.

GET MORE OF WHAT YOU WANT!

Parents and caregivers: Scan this code and complete a 1-minute questionnaire to tell us how we can make our supplement better.



THOLA OKUNINGI KWALOKHO OKUFUNAYO!

Bazali nabanakekeli bezingane: Sikena le khodi bese ugqwalisa iphepha-mibuzo eliwumzuzu owo-1 uitshele ukuthi singasenza kanjani isithasiselo sethu sibe ngcono.



Drive your imagination



IT STARTS WITH A STORY.
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

Your story

We asked NaI'ibali team members how books and stories had made a difference in their lives. Here's the first two replies.

“My grandfather was not an educated man, but he was blessed with the ability to tell great stories. He would tell stories about how he grew up and the places he had been to. And sometimes he told the most fantastical, original stories. This, more than anything else, is the link to my love of books and who I am. My love led to me receiving the prestigious University of Johannesburg Mardene Marais Literary Award for my contribution to literature.

The tales and fables my grandfather shared at bedtime were meant to get me to engage with stories, to bond with my family and to fall asleep talking. After all, who wants to sleep when there is one more chapter to read or one more book to pick up from the To-be-read pile?

Listening to my grandfather's stories every evening gave me an inspiring and educational childhood with many happy memories as I now sit and read books like *The Education of Little Tree* with my mom.”

Righardt le Roux, Mpumalanga Provincial Coordinator



Indaba yakho

Sibuze amalunga ethimba lakwaNaI'ibali ukuthi izincwadi nezindaba ziwenze kanjani umehluko empilweni yawo. Nazi izimpendulo zokuqala ezimbili.

“Umkhulu kwakungeyona indoda efundile, kodwa wayebusiswe ngekhono lokuxoxa izindaba ezimnandi. Wayexoxa izindaba ngokukhula kwakhe nezindawo ake wazivakashela. Kanti ngesinye isikhathi wayexoxa izindaba eziyisimanga zoqobo. Lokhu nje, ngaphezu kokunye, kwangixhumanisa nothando lwami lwezincwadi kanye nengiyikho. Uthando lwami lwangiholela ekunikezweni umklomelo omkhulu waseNyuvesi YaseGoli obizwa ngeMardene Literary Award ngegalelo lami ekubhalweni kwezincwadi zobucikomazwi.

Izindaba kanye nezinganekwane umkhulu ayabelana ngazo nami ngesikhathi sekulalwa zazihlose ukungenza ngisondelane nezindaba, nathi sibumbane njengomndeni kanye nokufikelwa wubuthongo sibe sikhuluma. Ngaphezu kwalokho, ngubani ofuna ukulala uma kukhona isahluko esisodwa okusamele sifundwe noma enye incwadi okusamele ithathwe enqwabeni yezincwadi ezingakafundwa?

Ukulalela izindaba zikamkhulu njalo kusihlwa kwangikhuthaza futhi kwangifundisa ebungane bami kwaba nokuningi engikukhumbulayo okuthokozisayo njengoba kumanje nje ngihleli ngifunda nomama izincwadi ezifana nethi *The education of Little Tree (Imfundo kaSihlahla Esincane)*.”

NguRighardt le Roux, UMdidiyeli Wesifundazwe SaseMpumalanga

“I did not choose to be in the literacy space; my love of words led me here. There is one night that I will always cherish. My grandmother told me to turn off the paraffin lamp and go to sleep. But I continued to read. I held the book up where the moon shone until my hands and wrists grew tired. That was the turning point in my love of reading.

When I joined NaI'ibali, I took part in events like the Puku Story Festival and wrote my first book, *Umtshato weNtlanzi neNkukhu*, which was translated and published in the NaI'ibali supplement so that children all over South Africa could read it.

I have trained hundreds of teachers and ECD practitioners to rekindle their love of books and teaching and was listed by Avance Media as one of the 100 most influential young people in South Africa. This year, I released two new books, *lingcinga zendoda* (a collection of poems) and *Mhla latsh' iBhayi* (a collection of short stories). My dream is to see more inspirational books about ordinary people's stories written in their mother tongues.”

Madoda Ndlakuse, Programme Coordinator
VW Uitenhage schools



“Angikhetanga ukuba senkundleni yezobucikomazwi; uthando lwami lwamazwi yilona olungiholele lapha. Kukhona ubusuku obubodwa nje engiyobukhumbula njalo. Ugogo wangitshela ukuthi ngicime isibani sikaphalafini bese ngiyolala. Kodwa ngaqhubeka nokufunda. Ngangibambe incwadi ngiyiphakamise lapho unyezi wawukhanya khona kwaze kwakhathale izandla nezihlakala zami. Lokho kwaba yisikhathi senguquko othandweni lwami lokufunda.

Lapho ngingena kwaNaI'ibali, ngabamba iqhaza emicimbini efana nokuthiwa yiPuku Story Festival ngabhala incwadi yami yokuqala, *Umtshato weNtlanzi neNkukhu*, eyahunyushwa yabe isishicilelwa esithasiselweni sikaNaI'ibali ukuze izingane eNingizimu Afrika yonkana zikwazi ukuyifunda.

Sengiqeqeshe amakhulukhulu othisha nongoti basezinkulisa (ECD) ukuze ngivuselele uthando lwabo lwezincwadi nokufundisa futhi ngabe sengifakwa ngabakwa-Avance Media njengomunye wabayi-100 abasha abanomthelela omkhulu eNingizimu Afrika. Kulo nyaka, ngikhiphe izincwadi ezimbili ezintsha, *lingcinga zendoda* (iqoqo lezinkondlo) kanye nethi *Mhla latsh' iBhayi* (iqoqo lezindaba ezimfushane). Iphupho lami wukubona izincwadi eziningi ezikhuthazayo ngezindaba zabantu abajwayelekile nje ezibhalwe ngezilimi zebele.”

NguMadoda Ndlakuse, UMdidiyeli Wezinhlalo ezikoleni zase-VW e-Uitenhage

IMAGINE...
YOUR AD HERE!

Every year NaI'ibali distributes 3,5 million newspaper supplements in 9 languages to homes and reading clubs across South Africa.

Plus, we guarantee an additional 1 500 monthly online views!

Reach 280 000 South African homes per edition!

Finyelela emakhaya ayizi-280 000 ngoshicilelo ngalunye!



Visit www.nalibali.org/supplement-advertising for more information.

Yana ku-www.nalibali.org/supplement-advertising ukuthola olunye ulwazi.

AKE UZICABANGELE NJE...
ISIKHANGISO SAKHO LAPHA!

Minyaka yonke uNaI'ibali usabalalisa izigidi ezi-3.5 zezithasiselo zephephandaba ngezilimi eziyi-9 ziyiswe emakhaya nasemathimbeni okufunda kuyo yonke iNingizimu Afrika.

Ngaphezu kwalokho kunesiqiniseko sabayi-1500 sabaxhuma kukhompuyutha nyanga zonke!



Drive your
imagination

6 ideas for celebrating Book Lover's Day

Imibono eyisi-6 yokubungaza USuku Lwabathandi Bezincwadi

1. Nursery rhymes and songs are a great way to get very young children involved in Book Lover's Day. Find books that have traditional rhymes and songs for babies and children in your home language and share them with your children.



1. Imilozelo kanye namaculo kuyindlela enhle yokwenza ukuthi izingane ezincane kakhulu zizibandakanye oSukwini Lomhlaba Lwezincwadi. Thola izincwadi ezinemilozelo yendabuko kanye namaculo abantwana abancane kanye nezingane ngolimi lwakho lwasekhaya bese wabelana ngakho nezingane zakho.



2. Read the experiences of Righardt le Roux and Madoda Ndlakuse on **page 2** to children and talk to them about how having books in your life makes a difference. Then ask them to draw a picture, create a poster or a song or dance, or write a poem or rap to share their ideas with others. Remember to find an opportunity to display the children's pictures or posters, or to let them perform their songs, dances, poems or raps!

2. Fundela izingane ngalokho edlula kukho uRighardt le Roux kanye noMadoda Ndlakuse **ekhasini lesi-2** bese uxoxa nazo ngokuthi kuwenza kanjani umehluko ukuba nezincwadi empilweni yakho. Bese ubacela ukuthi badwebe izithombe, bakhe iphosta noma noma iculo noma umdanso, noma babhale inkondlo noma benze i-rap ukuze babelane ngemiqondo yabo nabanye. Khumbula ukuthi uthole ithuba lokuphanyeka izithombe noma amaphosta ezingane, noma ukuthi benze amaculo, imidanso, izinkondlo noma ama-rap.




3. Provide some paper, pencil crayons and pens, and get older children to create their own picture books. Then set up a time for them to read their books to a group of younger children.



3. Hlinzeka ngamaphepha, amakhrayoni amapensela kanye namapeni, bese wenza ukuthi izingane ezindala zenze ezazo izincwadi zezithombe. Bese ubeka isikhathi sokuthi zifundele izincwadi zazo ithimba lezingane ezincane.

4. Have a readathon and see how many books each of you can read in a week!



4. Yibani nomqhudlwano wokufunda ukuze nibone ukuthi umuntu ngamunye kinina uzofunda izincwadi ezingaki ngesonto!



5. Get everyone to draw a picture of a character from one of the stories in this supplement or from a book they have enjoyed.



5. Yenza ukuthi wonke umuntu adwebe isithombe somlingiswa ovela kwenye yezindaba ezikulesi sithasiselo noma ovela encwadini ayithokozele.



6. Take photographs of you and your children enjoying one of the above activities (or any other Book Lover's Day activity) and send it to us at info@nalibali.org, or post them on Facebook or Twitter using the hashtag **#BookLoversDay**. We'd love to share what you did with others on our Facebook page or in the Nalibali supplement!



6. Thatha izithombe zakho nezingane zakho nithokozela omunye wemisebenzi engenhla (noma yimuphi omunye umsebenzi woSuku Lwabathandi Bezincwadi) bese usithumelela zona ku-info@nalibali.org, noma uzifake ku-Facebook noma ku-Twitter usebenzisa u-**hashtag #BookLoversDay** (#UsukuLwabathandiBezincwadi). Singathanda ukwabelana ngalokho enikwenzile nabanye ekhasini lethu laku-Facebook noma esithasiselweni sakwaNalibali!



Did you know?

Our Read-Aloud Story Collection is now available at Ethnikids!



Available in all official South African languages
Itholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika

ethnikids
made for me

Bewazi nje?

Iqoqo Lezindaba Ezifundwa Kuzwakale seliyatholaka ku-Ethnikids!

Order your copy online at www.ethnikids.africa!
Faka esakho isicelo sencwadi ngekhompiyutha ku-www.ethnikids.africa!



Drive your imagination

Writing book reviews



When you ask children to write book reviews, it is a great way to get them to connect with what they read, to think critically about it and to express their opinions.

Here are some ideas of how to use book reviews in your classroom and at your reading club.

- ★ Encourage children to write down their opinion of a book they have read.
- ★ Good book reviews help people decide whether they want to read the book or not. In their reviews, the children should therefore give the basic story outline, but not give away too much about the story!
- ★ Reviews can be long or short and can also include drawings of parts of the book by the reviewer.
- ★ You can use the children's book reviews to start conversations about books.
- ★ Remind the children always to write the title of the book, the author's name and their own name on their review. They should also include the illustrator's name, if there are pictures in the book.
 - ⊗ Sometimes children need a little help with what to put in a book review. Try giving them some of these sentences to complete:
 - ⊗ This story is about ...
 - ⊗ The main characters are ...
 - ⊗ My favourite part of this book was ...
 - ⊗ My favourite character was ...
 - ⊗ I think you would enjoy this book if you like stories that ...
 - ⊗ My rating for this book is: ★ ★ ★

Ukubhala ngokuhluzwa kwezincwadi

Uma ucela izingane ukuthi zibhale zihluze incwadi, kuyindlela enhle yokuthi zixhumane nalokhu ezikufundayo, ukukucabangisisa lokhu bese futhi ziveza imibono yazo.

Nanka amacebo okuthi ningakusebenzisa kanjani okubhaliwe okukhuluma ngezincwadi ekilasini lakho kanye nasethimbeni lakho lokufunda.

- ★ Khuthaza izingane ukuthi zibhale phansi imibono yazo ngencwadi eziyifundile.
- ★ Ukubuyekwezwa kwezincwadi okuhle kusiza abantu ukuthi banqume ukuthi ngabe bayafuna yini ukufunda incwadi noma cha. Ekubhaleni kwabo behluzwa incwadi kumele babhale babeke amabala engwe, kodwa banganiki imininingwane eminingi ngendaba!
- ★ Ukubhala ukuhluzwa kwencwadi kungaba kude noma kufishane, futhi kungahlanganisa nokucashunwa kwezingxenye zencwadi yilowo obuyekwezwa incwadi.
- ★ Ungasebenzisa imibhalo yokuhluzwa izincwadi zezingane ukuze uqale ingxoxo emayelana nezincwadi.
- ★ Khumbuzwa izingane ukuthi zibhale ngaso sonke isikhathi isihloko sencwadi, igama lombhali kanye negama lazo uqobo embhalweni wazo wokuhluzwa incwadi. Kufanele zifake negama lomdwebi wezithombe, uma kukhona izithombe encwadini.
 - ⊗ Ngesinye isikhathi izingane zidinga usizo ngalokho ezingakufaka embhalweni wokuhluzwa incwadi. Zama ukuzinikeza eminye yale misho ukuze ziyiqedele:
 - ⊗ Le ndaba imayelana ...
 - ⊗ Abalingiswa abakhulu o- ...
 - ⊗ Ingxenye yencwadi engiyithanda kakhulu ...
 - ⊗ Umlingiswa engimthande kakhulu u- ...
 - ⊗ Ngicabanga ukuthi uzoyithokozela le ncwadi uma uthanda izindaba ezi- ...
 - ⊗ Le ncwadi ngiyinika lawa maphuzu: ★ ★ ★



Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your
imagination

Kodwa uBhubesana wayengakadeli. Wayefuna lesi siph o ngenhliziyo yakhe yonke. Waghubeka nendlela yakhe eya ekhaya wahlangana noMpungush e. “Unjani kodwa kanina?” kubingelela uBhubesana.

“Yebo,” kusho uMpungush e, “Empeleni angikhal i ngeziph o. Naye uMpungush e wayefisa sengathi lesi siph o sokucula ngabe ngesakhe.

“Ngabe yini ezosivimba ekusithatheni, Bhuti uMpungush e?” kubuza uBhubesana.

UMpungush e wahleka kakuhlu ngezwi elejwayelekile ezimpungush eni. “Wonke umuntu uzovele azibonele ukuthi yimina osintshontshile,” kusho uMpungush e.

“Bangabona kanjani?” kubuza uBhubesana.

“Zonke izilwane ziyomangala ukuthi ngigale nini mina, Mpungush e, ukucula kahle kangaka,” kuphendula uMpungush e. Bahleka bobabili ngoba babazi ukuthi limezeza futhi lihosh oza kanjani izwi likaMpungush e.

But Young Lion was not convinced. He wanted that gift with all his heart. He continued on his way home and further along the way he bumped into Jackal. “How are you, my brother from another mother?” greeted Young Lion.

“Ja,” said Jackal, “I can’t complain really . . . but one thing . . .” And they started talking about the gifts. Jackal also wished the gift of singing was his.

“So what is stopping you from taking it, Bra Jackal?” Young Lion asked.

Jackal laughed with his loud jackal laugh. “Everybody would find out so easily that I’m the one who stole it,” said Jackal.

“How’s that?” asked Young Lion.

“Every animal will be surprised that suddenly I, Jackal, can sing so well,” Jackal replied. The two laughed because everyone knew how loud and scratchy Jackal’s voice was.





Young Lion and Little Brown Monkey



Iwundlu Lebhubesi kanye Nenkawu Encane Ensundu

Tshepo Mokono
Vusi Malindi



For more information
please email
info@heartlines.org.za
or phone (011) 771 2540.

HEARTLINES
The Centre for Values Promotion

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlanga nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination



But Young Lion secretly still wanted that gift. So, in the middle of the night, when the sky was empty but covered with darkness, Young Lion put on his running shoes and ran to the monkey's house.

When he got there he could hear a crowd of monkeys joking with Little Brown Monkey about his gift. "At least one of the family will be able to sing beautifully. We all know that monkeys have been terrible singers until now." They fell around laughing.



One morning, just as the sun was about to come up, Lion, King of the jungle, ordered the village Kgosana to blow on the horn. As the sound of the horn went "Vooooo! Vooooo!" all the animals knew that the day had arrived when they were to receive gifts from the Great King.

They gathered at the King's royal place. Young Lion was there, pushing his way to the front of the crowd. But Little Brown Monkey was first in the queue, and he received the best gift ever!

Little Brown Monkey got the gift of singing. The gift was inside a small green bottle. King Lion said, "Whenever you drink this, you'll be able to sing beautifully. You'll be famous and rich. You'll be a great musician, or a great Gospel star."

Ngelinye ilanga ekuseni, selizophuma nje ilanga, uBhubesi, iNkosi yehlathi, watshela iNduna yomuzi ukuthi ihlabe umkhosi ngophondo. Lapho sekuzwakala umsindo wophondo uthi, "Vooooo! Vooooo!", izilwane zonke zavele zazazela ukuthi selufikile usuku lapho zizothola khona izipho ezivela eNkosini Enkulu.

Zahlangana eSigodlweni seNkosi. NoBhubesana wayelapho, edudula abanye ephikelele ekubeni phambili esixukwini. Kodwa uNkawana Onsundu wayengowokuqala eheleni, wase ethola isipho esihle ukudlula zonke!

"Kodwa ngiyadabuka ukusho ukuthi isipho ngesikaNkawana Onsundu futhi ngeke ngikwazi ukukugqula lokho," kuphefumula uNsephe.

"Kodwa kuzo zonke izilwane, kungani kube yinkawu, ngisho ... inkawana embi kangaka nokwenza ... kube yiyo ethola isipho esikhethekile kangaka? Awusho phela, Nsephe Dadebethu!"

kubuza uBhubesana. "Ngabe, ngokwakho yisiphi isilwane esifanelwe yileso sipho?" kubuza uNsephe.

"Yimina, uBhubesana, iNkosi yakusasa. Sifanele mina phela. Bekumele kube ngesami lesiya siphso sokucula," kuphendula uBhubesana.

"Linda ithuba lakho-ke kube unyaka ozayo uma iNkosi isiletha izipho; mhlawumbe uyosithola ngonnyaka ozayo. Izinto ezinhle ziyalindwa," kucebisa uNsephe.

UBhubesana wathi, "Uqinisile. Kumele nginde kuze kube unyaka ozayo."

Lezi zilwane zombili zavalelisana zehlukana.




"Okungenani yena unobungani,"
ezicabangela uTiny Tim.



"At least he's friendly," thought
Tiny Tim.

Utiny Tim waqhubeka nokufuna
umnikazi wenkinobho.
"Wololo!"



Tiny Tim carried on looking for
the owner of the button.
"Whoa!"



Lots more free books at bookdash.org

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment
campaign to spark and embed a culture of reading
across South Africa. For more information, visit
www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela
ukuzithokozisa wokokhela inhlanga nokuzinzisa isiko
lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole
eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org
noma ku-www.nalibali.mobi




Drive your
imagination

Whose
button is this?
Ngekabani le
nkinobho?




Paul Kennedy
James Woolley
Louise Gale

Yavele yabheja yabomvu.
“Waze waluhlaza bo lo muntu,”
ezicabangela uTinny Tim.



He just turned red.
“What a rude person,” thought
Tinny Tim.

Tinny Tim was standing on the
side of the road when a button
bounced his way.




UTinny Tim wayemi eceleni
komgwaqo ngesikhathi kuqathaka
inkinobho iza ngakuye.


“Kumele ngiwelele ngaphesheya
komgwaqo. Ngiqinisekile ukuthi
inkinobho iqhamuka ngakhona.”
PHAXAI

“That was close,” said Tinny Tim.
He waited for the cars to pass
before he carried on.


SPLASH!
“I’ve got to get to the other side of
the road. I’m sure that’s where this
button comes from.”




“Sawubona, ngabe yinkinobho yakho le?” kubuza uTiny Tim. Ayizange ithi vu indoda eluhlaza okotshani.



“Hey there, is this your button?” asked Tiny Tim. The green man said nothing.



“I wonder where this comes from,” he said. He wanted to find out.




“Kazi iqhamukaphi,” kusho yena. Wayefuna ukuthola ngalokho.

“Thank you, little robot. Can we be friends?”

“Ngiyabonga, robhothi elincane. Singakwazi ukuba abangani bandla?”

Wasinda ngokulambisa.
“Kuyesabeka la ngaphandle,”
kusho yena.




He made a lucky escape.
“It’s scary out here,” he said.

It was busy on the side of the road.
“Woah!”
Tinny Tim nearly got squashed!



Kwakuphithizela eceleni komgwaqo.
“Mamo!”
UTinny Tim ucishe washayiseka!

UTinny Tim wabona kukhona
umuntu ozayo. Mhlawumbe yilowo
muntu ayemfuna.



Then Tinny Tim saw someone
coming. Maybe this was who he
was looking for.
“Hello, who are you?” he asked.

“I’m Ruby Rags,” said the someone.
“I think this is yours,” said Tinny Tim as
he gave her the button.

“NginguRuby Rags,” kusho lo muntu.
“Ngicabanga ukuthi ngokwakho
lokhu,” kusho uTinny Tim
emnika inkinobho.



Young Lion sat outside and waited until the other monkeys had gone home. He waited until he was sure Little Brown Monkey was fast asleep. Then he crept in, took the small green bottle from the top of the table, and tipped out the room. He had stolen the gift. It was his now!

Kodwa ngaphakathi uBhubesana wayesasifuna lesi siphho. Ngakho, wavuka phakathi nobusuku, kumnyama bhuge esibhakabhakeni, uBhubesana wagqoka izicathulo zakhe zokugijima wahlaba ngejubane eya endlini kaNkawana Onsundu. Wathi uma efika khona wezwa umhlambi wezinkawu utekula ngesiphho sikaNkawana Onsundu. “Okungenani ukhona oyedwa emndenini ozokwazi ukucula kamnandi. Sonke siyazi ukuthi izinkawu bezilokhu zingamabhimbi kuze kube imanje.” Zaze zalala phansi yinsini. UBhubesana wahlala ngaphandle wacutha elinde ukuthi zize ziyе emakhaya zonke ezinye izinkawu. Walinda waze wanesiqiniseko sokuthi uNkawana Onsundu wayeselele. Wase ecathama engena, wathatha ibhodlelana eliluhlaza phezu kwetafula, wanyonyoba waphuma. Wayesesintshontshile isiphho. Kwase kungesakhe manje!

And so, after a long time thinking . . . Young Lion decided to return the gift.

He ran as fast as his running shoes would take him back to Little Brown Monkey’s place. He sneaked into the house and returned the bottle of singing gift to the table where it had been before.

Then he crept out and headed home. As he ran, his heart felt light and his feet felt free – freer than he had felt all day!

Ngakho, ngemuva kokudla amathambo ekhanda isikhathi eside . . . uBhubesana wanquma ukubuyisela isiphho emuva.

Wathi ntinini ngejubane ngendlela ayengakwazi ukwenza ngayo ngezicathulo zakhe zokugijima ebuyela endlini kaNkawana Onsundu. Wanyonyoba wangena endlini wabuyisela ibhodlela lesiphho sokucula etafuleni lapho elalibekwe khona ekuqaleni.

Wase enyonyoba ephuma ebhekise amabombo ekhaya. Ngesikhathi egijima, wezwa inhliziyo yakhe isilula, futhi esekhululekile – ekhululekile kunendlela abezizwa ngayo usuku lonke!

Later that day, Young Lion bumped into Springbok on the road and shouted, “Howzit, Sister Springbok?” They hurried through their greetings so that they could get to the topic of the gift. Springbok, just like Young Lion, and Antbear, wished the monkey’s gift was hers.

“But I am sad to say, the gift belongs to Little Brown Monkey and I can’t change that,” Springbok sighed.

“Out of all the animals, how come the monkey, I mean . . . the ugly little monkey . . . is the one that got such a special gift? Tell me, Sister Springbok?” Young Lion asked.

“Well, which animal deserves that gift?” Springbok asked in turn.


“Me, Young Lion, the future king. I deserve it. I deserve that singing gift,” Young Lion answered.

“Wait your turn until next year when the King brings gifts; maybe you will get it next year. Good things are always worth waiting for,” Springbok advised.

Young Lion said, “You are right. I should wait for next year.”


The two animals waved goodbye and went their separate ways.

Kamuva ngalolo suku, uBhubesana wazithela kuNsephe emgwaqweni, wamemeza, “Kunjani kodwa, Dadewethu Nsephe?” Babingelelana ngokushesha ukuze bangene odabeni lwesiphho. UNsephe, njengoBhubesana noSambane, wayefisa sengathi ngabe isiphho sokucula sasingesakhe.



UNKawana Onsundu wathola isiphho sokucula. Isiphho sasisebhodlelaneni elincane eliluhlaza okotshani. INkosi uBhubesi wathi, “Noma inini uma uphuza lokhu, uyokwazi ukucula kamnandi kakhulu. Uzoduma kakhulu futhi ucebe. Uzoba umculi odla ubhedu, noma isihlabani somculo wokholo.”

USambane watshelela uBhubesana ukuthi naye wayesifisa sengathi ngabe bekungesakhe lesi siphosokucula. “Pho ngabe yini ezokuvimba ekusithatheni, Mama uSambane?” kubuza uBhubesana. USambane wathi, “Ngifuna ukuphatha abanye ngendlela engingathanda nani ukuthi nabo bangiphathe ngayo. Angifuni ukuntshontshelwa, ngakho nani akumele ngintshontshela abanye.” Wavuma ngekhanda uBhubesana. Wayekugonda kahle lokhu.



Young Lion started for home, and on his way he muttered to himself, “That singing gift should be mine, mine, mine and mine. I’m going to steal it away from Little Brown Monkey.”

On his way, Young Lion met Antbear. They greeted each other. They talked about what they had eaten for breakfast, about the weather, about New Year’s resolutions and about the gifts-gathering at the King’s kraal.

Antbear told Young Lion that she also wished the singing gift was hers. “So what is stopping you from taking it, Ma Antbear?” asked Young Lion.

Antbear said, “I want to treat others in the way I want them to treat me. I don’t want my things to be stolen, so I should not steal from others.”


Young Lion nodded. He understood that.

UBhubesana wabuyela ekhaya, endleleni eya ekhaya wayehamba evungama ekhuluma yedwa ethi, “Lesi siphosokucula kumele kube esami, esami, esami, sibe ngesami. Ngizosintshontsha kuNkawana Onsundu.”

Endleleni yakhe, uBhubesana wahlangana noSambane. Babingelelana. Bakhuluma ngokuthi babedleni ngesidlo sasekuseni, ngesimo sezulu, ngezinqumo ababezithathele zona zoNyaka Omusha nangembizo yasemzini weNkosi yokuphiwa iziphos.

Wahlaba ngejubane uBhubesana. Wagijima sengathi kukhona okumxoshayo. Ngenkathi egijima, wakhumbula amazwi kaMama uSambane awasho ngokuphatha abanye ngendlela ongathanda ukuthi uphathwe ngayonawe. Lo mcabango wamenza wayeka ukugijima, wamanse, wacabanga. Wacabanga ukuthi ubengaphatheka kanjani ukuba ubenguNkawana Onsundu bese kuba khona umuntu ontshontshe isiphosakhe. “Bengingekengikuthande lokho. Bengizophatheka kabi futhi ngithukuthile,” kucabanga yena.

Young Lion began to run. He ran as though something was chasing him. As he ran, he remembered what Mother Antbear had said about treating others in the way you want them to treat you. The thought made him stop running, and he stood still and thought. He thought about how he would feel if he was Little Brown Monkey and somebody stole his gift. “I would not like it. I’d feel sad and angry,” he thought. As he stood, he recalled what Jackal had said. Jackal was right – everybody knew that Young Lion was also a bad singer. It would be easy for them to spot him as the one who had stolen Little Brown Monkey’s gift. Young Lion sat on a rock and thought more about the gift in the bottle. “Maybe Springbok is right too; maybe the gift will be mine next year.”



Ngesikhathi esamile, wakhumbula nalokho obekushiwo uMpungushe. Ubeqinisile uMpungushe – wonke umuntu uyazi ukuthi uBhubesana uyidliwa. Kungasheshe kubonakale ukuthi nguye ontshontshe isiphosikaNkawana Onsundu.

UBhubesana wahlala edwaleni wadla amathambo ekhanda ngesiphosisebhodleleni. “Mhlawumbe noNsephe uqinisile; mhlawumbe isiphoskuzoba esami ngonyaka ozayo.”

Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Young Lion and Little Brown Monkey* (pages 5, 6, 11 and 12), *Whose button is this?* (pages 7 to 10) and *You're too small* (page 14).

Young Lion and Little Brown Monkey

After listening to or reading *Young Lion and Little Brown Monkey*, think and talk about some of these things.

- ★ Why did Young Lion think he deserved the gift? Do you think this is a good reason?
- ★ What advice did Young Lion get from Antbear, Springbok and Jackal? Whose advice do you think was best?
- ★ Why did Young Lion return the gift eventually?
- ★ If you had been Young Lion, would you have given the gift back? Why or why not?
- ★ How do you think Young Lion felt when he put the gift back? Why do you think he felt like this?
- ★ Have you ever thought about taking something that belonged to someone else without asking their permission? What did you do about it? How did you feel?
- ★ Do you think honesty is important? Why or why not?



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongase uyizame. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Iwundlu Lebhubesi kanye Nenkawu Encane Ensundu* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Ngekabani le nkinobho?* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi *Umncane kakhulu* (ikhasi le-15).


Iwundlu Lebhubesi kanye Nenkawu Encane Ensundu

Ngemuva kokulalela noma ukufunda indaba ethi *Iwundlu Lebhubesi kanye Nenkawu Encane Ensundu*, cabanga bese uxoxa ngezinye zalezi zinto.

- ★ Kungani uWundlu Lebhubesi ebecabanga ukuthi lesi siphobekumele kube ngesakhe? Ngabe ucabanga ukuthi yisizathu esizwakalayo lesi?
- ★ UWundlu Lebhubesi wathola siphiseluleko kuSambane, uNsephe noMpungushe? Ngesikabani iseluleko ocabanga ukuthi sasisihle ukuzidlula zonke?
- ★ Kungani uWundlu Lebhubesi agcina esesibuyisele isiphob?
- ★ Ukuba bekunguwe uWundlu Lebhubesi, ngabe ubuzosibuyisela isiphob? Lokho ubuzokwenza noma ungakwenzi ngani?
- ★ Ucabanga ukuthi uWundlu Lebhubesi wazizwa kanjani ngesikhathi ebuyisela isiphob? Ucabanga ukuthi kungani ayezizwa ngale ndlela?
- ★ Ngabe wake wacabanga ukuthatha into yomunye umuntu ngaphandle kwemvume? Wenzani ngalokho? Wazizwa kanjani?
- ★ Ngabe ucabanga ukuthi kubalulekile ukuba qotho? Kungani uvuma noma uphika?

Whose button is this?

- ★ Follow the instructions on page 4 to make the cut-out-and-keep books. Celebrate National Colouring Book Day on 2 August by colouring in the pictures for the story *Whose button is this?*
- ★ Use sheets of newspaper, old buttons and socks, pieces of fabric, some wool, and glue. Make the doll from the story.



Ngekabani le nkinobho?

- ★ Landela imiyalo esekhasini lesi-4 ukuze wenze izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina. Bungaza USuku Lukazwelonke lwencwadi Efakwe Imibala mhla zi-2 kuNcwaba ngokufaka imibala ezithombeni zencwadi ethi *Ngekabani le nkinobho?*
- ★ Sebenzisa amaphepha ephephandaba, izinkinobho ezindala namasokisi, izidwedwe zendwangu, uvalo neglu. Yenza udoli wale ndaba.



You're too small

- ★ Everyone in Thapelo's family does something special for their mom's party. What would each of your family members do for a special party?
- ★ Draw a picture of your family from the tallest person to the shortest one.



Umncane kakhulu

- ★ Wonke umuntu emndenini kaThapelo wenza okuthile okukhethekile ukulungisela umcimbi kamama. Ngabe yini ilungu ngalinye lomndenini wakho elizoyenzela lo mcimbi okhethekile?
- ★ Dweba isithombe somndenini wakho kusukela kulowo omude kunabo bonke kuze kufike komfishane kunabo bonke.



You're too small

Written by Dorothy Dyer ■ Illustrated by Magriet Brink and Leo Daly

Mama Tau was coming home! She had been away for a long time studying, and her family missed her. Everyone was very excited. But Thapelo, the youngest of all her children, was the most excited.

On the day of Mama Tau's arrival, the family spent the morning preparing. The sun was shining outside. Thapelo kicked his ball around on the grass. He wanted to show his mother how much better his soccer was since the last time she had seen him. "Catch this one, Bless," he shouted to the dog. But Bless just looked at the ball and went inside.

Thapelo followed the dog and went to find his older sister, Refilwe. Refilwe was a DJ. She was so cool that she wore her sunglasses even inside the house. Refilwe was in her room getting music to play for when Mama walked through the front door. "I'm not going to play any of that rap she complains about," Refilwe said. "Today we will only hear jazz. Just how Mama likes it." She took off her sunglasses and winked at Thapelo. "Maybe you can dance with Mama."

Then Refilwe put on her headphones and started nodding her head to the music.


"Can I help you?" asked Thapelo.

"What?" said Refilwe, taking off her headphones. "What did you say?"

"Can I help you?" Thapelo shouted.

"No need to shout," Refilwe said. "I can hear you perfectly." Then she shook her head. "This is all on the computer, Thapelo. So, you can't help. You're too small.

Thapelo went to find his brother, Saul. He was in the kitchen, baking one of his very special cakes. Whenever there was a special occasion, Saul made a cake. For Thapelo's last birthday, he had made a chocolate cake with Smarties on top.



Saul was wearing a striped apron and was stirring the cake mixture in a big bowl. "This is a lemon cake," he told Thapelo. "Mama's favourite."

"Can I help you?" asked Thapelo.

"No," he said. "Last time you dropped an egg. Sorry, Thapelo. You're too small."

He went to find his other sister, Mampotoko, who was putting up decorations in the lounge. There were paper chains and balloons. "Can I help you?" he asked.

"Here, see if you can blow these up," she said, handing Thapelo some balloons. He chose a red one and started blowing. He tried and he tried but he couldn't get enough air into it.

"Oh no," he said sadly. "I'm too small."

So Thapelo went to find Ntate. He was sitting at the table, wrapping up a bead necklace for Mama. "This necklace has her favourite colours," he said. "Purple and green. Isn't it beautiful?"

Thapelo saw the wrapping paper with stars on it.

"Can I help you wrap the necklace?" asked Thapelo.

"No, sorry, Thapelo, you're too small," his father said.

Thapelo felt sad. He looked at their dog, Bless, sitting next to Ntate. "Come, Bless," he called. But Bless just sat there. "Even Bless thinks I'm too small," Thapelo thought.

Thapelo went outside and sat on the front step. "I wish I could grow as tall as a giant," he thought. "Then they'd all be scared of me and nobody would say, 'You're too small.'"

Just then he heard a loud shout from inside the house. "Bless! Bless, come back!"

Bless ran past Thapelo and around the corner of the house. And after Bless ran Ntate. Then Saul. Then Refilwe. And then Mampotoko. "That dog has stolen Mama's present!" Ntate shouted as he passed Thapelo. Thapelo joined them and ran after Bless too.

Bless jumped through a hole in the fence, into the yard next door. "Come back, Bless!" they called. And after a while Bless did come back ... but without the present!

"Oh no, he's left it next door!" Ntate groaned. "And the Sitholes are away till tomorrow! So, it's stuck on the other side of the fence till they come back!"

"I could climb through the hole and fetch it," suggested Thapelo.

"No," they all said together. "You're too ..." They stopped. They looked at Thapelo.

"Will you fit?" asked Refilwe.

"Are you small enough?" asked Saul.



Thapelo crouched down and squeezed himself through the hole. He just fitted through. There, on the grass in the Sithole's yard, was the wrapped present, with just a little bit of the wrapping paper torn. He picked up the present and squeezed back to the other side of the fence.

"Oh, Thapelo," said Ntate. "You **are** a star!"

"Three cheers for Thapelo!" Saul said, and they all hugged him.

Later that afternoon there was a knock on the door. It was Mama! Thapelo rushed into her arms.

"How you've grown, my boy," she said. "Look at how tall you are now."

"But I'm still too small, Mama," he said.

"No!" everyone shouted.

"No, you're not!" said Ntate, "You're just the right size!"



Drive your
imagination

Umncane kakhulu

Ibhalwe nguDorothy Dyer ■ Imidwebho nguMagriet Brink noLeo Daly

UMama Tau wayesebuyela ekhaya! Wayekade engekho isikhathi eside esayofunda, kanti umndeni wakhe wawumkhumbule. Wonke umuntu wayethakase kakhulu. Kodwa uThapelo, omncane kunazo zonke izingane, wayethakase ngokwedlulele.

Ngosuku lokufika kukaMama Tau, umndeni wachitha isikhathi sasekuseni ulungiselela. Ilanga lalibalele phandle. UThapelo wayekhahlela ibhola lakhe liya le nale otshanini. Wayefuna ukuthi unina abone ukuthi ikhona lakhe lokudlala ibhola selingcono kangakanani kusukela agcina ukumbona. "Bamba leli, Bless," esho ememezainja. Kodwa-ke uBless wavele walibuka nje ibhola maqede wangena endlini.

UThapelo wayilandelainja wayeseyocinga udadewabo omdala, uRefilwe. URefilwe wayengudijeyi. Wayezizwa ekahle ngangokuthi izibuko zakhe zelanga wayezifake ngisho engaphakathi endlini. URefilwe wayesekamelweni lakhe ehlanganisa umculo azowudlala ngenkathi uMama engena emnyango ongaphambili. "Angeke ngiwudlale lo mculo werephu ahlale ekhononda ngawo," kwasho uRefilwe. "Namuhla sizozwa umculo wejezi kuphela. Uzoba ngendlela nje ethandwa nguMama." Wayesekhipha izibuko zakhe zelanga qede wacifela uThapelo iso. "Mhlawumbe wena ungadansa noMama."

Emva kwalokho uRefilwe wabe esefaka izilalelisi zakhe ezindlebeni maqede waqala ukunqekuzisa ikhanda enanela umculo.


"Ngingakusiza?" kwabuza uThapelo.

"Ini?" kwabuza uRefilwe, esusa izilalelisi ezindlebeni. "Ubuthini?"

"Ngingakusiza na?" kumemeza uThapelo.

"Asikho isidingo sokumemeza," kwasho uRefilwe. "Ngikuzwa kahle kakhulu." Emva kwalokho wayesenikina ikhanda. "Konke lokhu kusekhompiyutheni, Thapelo. Ngakho-ke, angeke ukwazi ukusiza. Umncane kakhulu."

UThapelo wahamba wayocinga umfowabo, uSaul. Wayesekhishini, ebhaka elinye lamakhekhe akhe ekhethele. Noma nini uma kukhona umcimbi okhethekile, uSaul wayenza ikhekhe. Ngosuku lokuzalwa lukaThapelo lwakamuva, wayenze ikhekhe likashokoledi elinamaSmatisi phezulu.



USaul wayegqoke iphinifo elinemithende egovuza inhlama yekhekhe esitsheni esikhulu. "Leli yikhekhe likalamula," kwasho uThapelo. "Ngelithandwa kakhulu nguMama."

"Ngingakusiza?" kwabuza uThapelo.

"Cha," kwasho yena. "Ngenkathi ugcina ukungisiza wawisa iqanda. Ngiyaxolisa, Thapelo. Umncane kakhulu."

Wahamba wayocinga omunye udadewabo, uMampotoko, owayefaka imihlobiso egunjini lokuphumula. Kwakukhona amaketango enziwe ngamaphepha kanye namabhaluni. "Ngingakusiza?" kwabuza yena.

"Nakhu, bheka ukuthi uzokwazi yini ukuwafutha," kwasho yena, enikeza uThapela amabhaluni ambalwa. Wakhetha elibomvu wayeseqala ukufutha. Wazama wazama kodwa wehluleka ukufutha umoya owanele kulo.

"Hawu cha," kwasho yena ngokudangala. "Ngimncane kakhulu."

Ngakho uThapelo wahamba wayocinga uBaba. Wamithola ehleli ngasetafuleni, egoqela uMama umgexo wobuhlalu. "Lo mgexo unemibala yakhe ayithandayo," kusho yena. "Obukhwebezane noluhlaza okotshani. Kuhle lokhu, angithi?"

UThapelo wabona iphepha lokugoqa elinezinkanyezi.

"Ngingakusiza ukuthi ugoqe umgexo?" kwabuza uThapelo.

"Cha, phephisa, Thapelo, umncane kakhulu," kwasho uyise.

UThapelo wazizwa edangele. Wabukainja yakubo, uBless, ihlezi eduze kukaBaba.

"Woza, Bless," washo ememeza. Kodwa-ke uBless wamane wazihlalela laphaya.

"Ngisho noBless ucabanga ukuthi ngimncane kakhulu," kucabanga uThapelo.

UThapelo waphumela phandle wahlala esitubhini esingaphambili. "Ngifisa sengathi ngingakhula ngibe mude njengesiqhwaga," kucabanga yena. "Lapho-ke bonke bayongesaba futhi akekho namunye oyothi, 'Umncane kakhulu.'"

Ngaleso sikhathi nje wayesezwa ukumemeza okukhulu kuphuma ngaphakathi endlini. "Bless! Bless, buya!"

UBless wagijima wedlula ngakuThapela nasekhoneni lendlu. Ngemuva kukaBless kwakugijima uBaba. Emva kwakhe kwaba nguSaul. Kwalandela uRefilwe. Kwase kuphinda kulandela uMampotoko. "Le nja isintshontshe isipho sikaMama!" kuthetha uBaba ngenkathi edlula ngakuThapelo. NoThaphelo wahlanganyela nabo naye esejaha uBless.

UBless wagxuma wangena ngembobo othangweni, wangena egcekeni lakwamakhelwane. "Buya, Bless!" basho bememeza. Kwathi ngemuva kwesikhashana uBless wabuya ... kodwa engasasiphethe isipho!

"Hhayi bo, usishiye kwamakhelwane!" kubhavamulala uBaba. "Kanti nabakwaSithole abekho kuyoze kube kusasa. Ngakho, isipho sizobambeka ngaleya kocingo bayoze babuye!"

"Ngingachusha ngingene embotsheni ngisilande isipho," kwaphakamisa uThapelo.

"Cha," besho bonke kanyekanye. "Umkhu- ..." Bama ngqi. Babuka uThapelo.

"Ungakwazi ukwenela lapha?" kwabuza uRefilwe.

"Ngabe umncane ngokwanele?" kwabuza uSaul.

UThapelo waguqa phansi wayesezimpintshela emgodini. Wavele walingana.



Ngaleya, otshanini begceke lakwaSithole, kwakukhona isipho esigoqiwe, sinendawana encane nje edabukile ephepheni lokugoqa. Wasicosha isipho emva kwalokho wayesechusha futhi ebuyela ohlangothini olungapha kocingo.

"Hha, Thapelo," kwasho uBaba. "Uyisimanga uqobo!"

"Ihlombe malishaywe kathathu kwenzelwe uThapelo!" kwasho uSandile, bonke base bemsingatha.

Kamuva ngaleyo ntambama kwezwakala ukungqongqoza emnyango. Kwabe kunguMama! UThapelo wagijima eya ezingalweni zikanina.

"Awuve usukhulile, mfana wami," kwasho yena. "Awuzibuke ukuthi usumude kangakanani manje."

"Kodwa ngisemncane kakhulu, Mama," kwasho yena.

"Cha bo!" bamemeza bonke.

"Cha, awumncane!" kwasho uBaba, "Unobukhulu obufanele nje!"



Drive your
imagination

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

Make a badge

1. Cut along the red dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
6. Enjoy wearing your badge as you read your books on Book Lover's Day.

Yenza ibheji

1. Sika ulandele amachashazi abomvu ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika isiyingi esiwubukhulu obufanayo nebheji ekhalibhothini elilulana, isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa itheyiphu yokunamathisela noma eyokumboza ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda izincwadi zakho ngoSuku Lwabathandi Bezincwadi.



2.

Make a list of 5 reasons why you love reading.

Yenza uhlu lwezizathu eziyisi-5 zokuthi kungani uthanda ukufunda.

The title of my favourite book is
Isihloko sencwadi engiyithanda kakhulu sithi

My favourite author is
Umbhali engimthanda kakhulu ngu-

3.

Draw a picture of yourself reading a book. Colour in the picture.

Dweba isithomba sakho uqobo ufunda incwadi. Faka umbala esithombeni.

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

RISING SUN

PROTEA

RECORD

EYETHU

Bonus

LENTSWÉ
THE VOICE OF MATLORANA

RIDGE TIMES



Drive your
imagination

